



NguMongameli uThomas S. Monson

# Yiba Isibonelo kanye nokuKhanya

*Njengoba silandela isibonelo soMsindisi, okwethu ukuthola ithuba lokuba wukukhanya ezimpilweni zabanye.*

**B**afowethu kanye nodadewethu, kwakuhle ukuba kanye nani futhi. Njengoba nazi, njengoba sasihlangene ngoAprili, sibuhlungu kakhulu ngokulahlekelwa abaPhostoli bethu abathathu abathandekayo: UMongameli uBoyd K. Packer, iGosa uL. Tom Perry, kanye neGosa uRichard G. Scott. Sebebuyele ekhaya labo elisezulwini. Siyabakhumbula. Siyabonga ngezibonelo zabo zothando lukaKristu kanye nezimfundiso zabo ezisigqugquzelayo abashisiye nazo.

Samkela abaPostoli bethu abasha ngemfudumalo enkulu, iGosa uRonald A. Rasband, iGosa uGary E. Stevenson, kanye neGosa uDale G. Renlund. Lawa amadoda azimisele kakhulu emsebenzini weNkosi. Bafanelekile ngokwanele ukugcwalisa izikhundla ezibalulekile ababizelwe kuzona.

Mumva nje, ngilokhu ngifunda futhi ngicabanga imibhalo engcwele, amavesi amabili ahlezi ngaphakathi kimi. Womabili siwajwayele. Elokuqala livela Kwintshumayelo yaseNtabeni: “Kanjalo makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu,

ukuba babone imisebenzi yenu emihle, badumise uBaba osezulwini.”<sup>1</sup> umbhalo ongcwele wesibili yilo ofike emqondweni wami njengoba kade ngicabanga incazelo yombhalo wokuqala. Uqhamuka eNcwadini eya kuThimothewu ivela kuPawulu uMphostoli: “Yiba isibonelo kwabakhohwayo, ngezwi, nangengxoxo, nangothando olunzulu, nangokomoya, nangokukholwa, nangokuhlazeka.”<sup>2</sup>

Ngiyakholwa ukuthi umbhalo ongcwele wesibili uchaza, okuyingxenye enkulu, ukuthi singawufeza kanjani owokuqala. Siba yizibonelo kwabakhohwayo ngokuphila ivangeli likaJesu Kristu ngezwi, nangengxoxo, nangothando olunzulu, nangokomoya, nangokukholwa, nangokuhlazeka. Njengoba senza njalo, ukukhanya kwethu kuzogqama ukuze abanye bakubone.

Omunye nomunye wethu weza emhlabeni enikeziwe ukuKhanya kukaKristu. Njengoba silandela isibonelo soMsindisi futhi siphila njengoba Naye aphila futhi njengoba Asifundisa, lokho kukhanya kuzovutha

ngaphakathi kithina futhi kukhanyise indlela kwabanye.

UMphostoli uPawulu ubala izimfanelo eziyisithupha zekholwa, izimfanelo ezizovumela ukukhanya kwakho kukhazimule. Asikubheke ngakunye.

Ngisho izimfanelo ezimbili zokuqala ndawonye—ukuba yisibonelo ngezwi kanye nangengxoxo. Amazwi esiwasebenzisayo angakhuphula futhi agqugquzele, noma alimaze futhi akululaze. Namhlanje emhlabeni kunezingxoxo ezinenhlamba esizibona zisizungeze cishe kuyo yonke indawo esijikela kuyona. Kunzima ukugwema ukuzwa amagama kaNkulunkulu esetshenziswa ngokunganaki futhi nangokungacabangi. Imibono eyonakele kubukeka sengathi iba yisisekelo sikamabonakude, sebhayisikobho, sezincwadi, kanye nesomculo. Okuboshelwe imibono enenhlamba kanye ukuthukuthela okudlulisayo. Masi-khulume nabanye ngothando nangenhlonipho, sihlezi sigcina ulimi lwethu luhlazekile njalo futhi sigweme amazwi noma imibono ezolimaza noma ezoba inhlamba. Sengathi singalandela isibonelo soMsindisi, owayekhuluma ngokubekezela nangomusa kwintshumayelo Yakhe yonke.

Umfanelo olandelayo owashiwo nguPawulu isihe, esichazwe ngokuthi “uthando olumsulwa lukaKristu.”<sup>3</sup> nginesiqiniseko sokuthi bakhona eduzane labo ababodwa, labo abagulayo, kanye nalabo abazizwa bedangele. Okwethu yithuba lokuthi sibasize futhi siphakamise imimoya yabo. UMsindisi ulethe ithemba kulabo abangenalo ithemba kanye namandla kulabo ababuthaka.

Wasindisa abagulayo; Wenza izinyonga ukuthi zihambe, izimpumputhe ukuthi zibone, izithulu ukuthi zizwe. Waphinda futhi wavusa abafileyo. Ekushumayeleni Kwakhe konke Wafinyelela ngesihe kunanoma ngubani odingayo. Njengoba silandela isibonelo Sakhe, sizobusisa izimpilo, okubalwa khona nezethu imbala.

Okulandelayo, kumele sibe yizibonelo ngokomoya. Kimina lokhu kuchaza ukuthi siyazama ukuthi ezimpilweni zethu sibe nomusa, ukubonga, intethelelo, kanye nobubele. Lezi zimfanelo zizosilethela umoya ozothinta izimpilo zalabo abazungeze thina. Sekube yithuba lami eminyakeni ukuhlanganyelana nabantu abaningi abanalomoya onje. Sithola umuzwa okhethekileyo uma sinabo, umuzwa osenza sifune ukuhlanganyelana nabo futhi silandele isibonelo sabo. Bakhipha ukuKhanya kukaKristu futhi basize ukuthi sizwe uthando Lwakhe.

Ukutshengisa isibonelo sokuthi ukukhanya okuqhamuka kumoya omsulwa futhi onothando kuyabonwa ngabanye, ngabelana kanye nani isifundo seminyaka eminingi eyadlula.

Ngaleso sikhathi, abaholi beBandla bahlangana nezikhulu eJerusalema ukwazisana ngesivumelwano sokuqashisa umhlaba lapho iSikhungo se-Bandla eJerusalema sasiyokwakhiswa khona. Ukuze kutholakale imvume edingekayo, iBandla kwakumele livume ukuthi akukho ukuguqulwa kwabantu okuzokwenzeka kwenziwa amalunga ethu azohlala esikhungweni. Emva kokuthi leso sivumelwano senziwe, oyedwa wezikhulu zase-Izrayeli, owayelazi kahle iBandla namalunga alo, waphawula ukuthi uyazi ukuthi iBandla lizosihlonipha isivumelwano sokuthi kungaguqulwa abantu. “Kodwa,” washo, ebhekise kubafundi ababezofunda khona, “sizokwenzenjani ngokukhanya okusemehlweni abo?”<sup>4</sup> Lokho kukhanya kwekhethelo sengathi kungakhazimula ngaphakathi kithina, kubonakale futhi kunconywe ngabanye.

Ukuba isibonelo sokholo kuchaze ukuthi sethamba iNkosi kanye nezwi

Layo. Kuchaza ukuthi sinazo futhi siyazikhulisa izinkolelo ezizohola imicabango yethu kanye nezenzo zethu. Ukholo lwethu eNkosini uJesu Kristu kanye nakuBaba wethu oseZulwini luzoba nomthelela kukukho konke esikwenzayo. Phakathi kokudideka kweminyaka yethu, ukulwa konembeza, kanye nesivunguvungu sokuphila kwansukuzonke, ukholo oluhlalayo luba isizinda ezimpilweni zethu. Khumbula ukuthi ukholo nokungabaza akukwazi ukuba khona engqondweni eyodwa ngesikhathi esisodwa, ngokuba okunye kuzoxosha okunye. Ngigcizelela lokhu ebesikutsheliwe ngokuphindelela—ukuthi uma sifuna ukuthola futhi sigcine ukholo esiludingayo, kubalulekile ukuthi sifunde futhi sicwaninge futhi sicabange ngemibhalo engcwele. Ukukhulumisana noBaba wethu oseZulwini ngomthandazo kubalulekile. Asikwazi ukungazinaki lezi zinto, ngoba ngonya isitha kanye nempyi yaso bihlezi bebhaka umnkenke ekuzivikeleni kwethu, ulahleko ekwethembekeni kwethu. Kwasho iNkosi, “Funani ngokukhuthala, khulekani njalo, futhi nikholwe, futhi zonke izinto ziyosebenzelana ndawonye kube ngokuhle kinina.”<sup>5</sup>

Ekugcineni, kumele sibemsulwa, okuchaza ukuthi sihlanzekile emzimbeni, emqondweni, kanye nasemphefumulweni. Siyazi ukuthi umzimba wethu uyithempeli, ozoliphatha ngesizotha nangenhlonipho. Izingqondo zethu kumele zigcwele imicabango eyakhayo kanye nephakamisayo futhi zisuswe kulezo zinto ezingcolile. Ukuze sibe noMoya oNgcwele ongumlingani wethu omileyo, kumele sifaneleke. Bafowethu nodade, ukuhlanzeka kuzosilethela ukuthula emqondweni futhi kuzosenza sifaneleke ukuthola izethembiso zoMsindisi. Wakhuluma, “Futhi babusisiwe bonke abamsulwa enhliziyweni, ngokuba bayombona uNkulunkulu.”<sup>6</sup>

Njengoba sifakaza ukuba yizibonelo ngezwi, ngengxoxo, ngesihe, ngomoya, ngokholo, kanye

nangokuhlanzeka, sifaneleke ukuthi sibe wukukhanya emhlabeni.

Make ngithi kinina nonke, ikakhu-lukazi kinina bantu abasha, ukuthi njengoba umhlaba unyakaza njalo njalo kude nemigomo kanye nemihlahlandlela esiyinikezwe uBaba oseZulwini othadekayo, sizogqama esixukwini ngoba sehlukile. Sizogqama ngoba sigqoka ngesizotha. Sizokwehluka ngoba asiyisebenzisi inhlamba futhi ngoba asizidli izinto eziyingozi emzimbeni yethu. Sizokwehluka ngoba sizogwema uhleko olunehlamba kanye nokuphawula okwehlisa isithunzi. Sizokwehluka njengoba sizokwenza isinqumo sokungagcwalisi imiqondo yethu ngokhetho lwezokusakaza olusekelwe ukwehlisa isithunzi futhi lususe uMoya emakhaya ethu kanye nasezimpilweni zethu. Impela sizogqama njengoba sikhetha mayelana nokuziphatha—ukukhetha okuhambiselana nemigomo kanye nomthetho wevangeli. Lezo zinto ezisenza sehluke eningini lomhlaba futhi zisinikeza lokho kukhanya kanye nalowo moya ozokhazimula kulomhlaba oya ngokuya ubamnyama.

Kujwayelekile ukuthi kube nzima ukwehluka kanye nokuma wedwa esixukwini. Kujwayelekile ukwesaba ukuthi abanye bazocabangani noma bazothini. Ayaduduza amazwi ehubo: “INkosi ingukukhanya kwami nensindiso yami; ngizakwesaba bani na? iNkosi iyingqaba yokuphila kwami; ngizakuba novalo ngobani na?”<sup>7</sup> Njengoba senza uKristu isikhungo sezimpilo zethu, ukwesaba kwethu kuzosuswa isibindi sezinkolelo zethu.

Impilo ayiphelelisiwe ngisho nako-yedwa wethu, futhi ngesinye isikhathi izinkinga kanye nobunzima esibhekana nakho kungasiqeda amandla, kwenze ukukhanya kwethu kwenciphe. Kepha, ngosizo oluvela kuBaba wethu oseZulwini, oluhambisana nokwesekwa ngabanye, singaphinde sikuthole kukhanya okuzokhanyisa indlela yethu futhi kusinikeze ukukhanya abanye abangakudinga.

Ukuchaza, ngizokwabelana ngamazwi encondlo ethintayo engaqala

ukuyifunda eminyakeni eminingi edlule:

*Ngahlangana nomhambi ebusuku  
Osibani sakhe sasesiyekile  
ukukhazimula.  
Ngama ngaphinde ngamvumela  
akhanyise  
Isibani sakhe kwesami.*

*Isivungwungu saqala ngokuhamba  
kwasikhathi  
Sashukushumisa umhlaba.  
Kwathi imimoya isihambile  
Isibani sami sasicishile!*

*Kodwa umhambi wabuyela kimi—  
Isibani sakhe sivutha kahle!  
Wabamba ilangabi lakhe  
Wakhanyisa elami!<sup>8</sup>*

Bafowethu nodade, amathuba ethu okukhazimula asizungezile zinsuku zonke, kunoma isiphi isimo

esizithola sikusona. Njengoba silandela isibonelo soMsindisi, okwethu kuzoba ithuba lokuba wukukhanya ezimpilweni zabanye, noma ngabe amalunga omndeni wethu kanye nabangani, esisebenza nabo, esibaziyo nje, noma umhambi imbala.

Komunye nomunye wenu, ngithi uyindodana noma indodakazi kaBaba wethu oseZulwini. Niqhamuka phambi Kwakhe ukuzohlala lapha emhlabeni okwesikhashana, ukuzobheka uthando nezimfundiso zoMsindisi, kanye nesibindi sokuvumela ukukhanya kwakho kukhazimule ukuze bonke bakubone. Uma lesi sikhathi sesiphelile emhlabeni, uma uyenzile indima yakho, isibusiso sakho esikhulu kuzokuba ukuyophindela ukuyohlala kanye Naye ingunaphakade.

Aqinisekisa kanjani amazwi oMsindisi: “Mina ngingukukhanya kwezwe: ongilandelayo akasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba

nokukhanya kokuphila.”<sup>9</sup> Ngaye ngiyafakaza UnguMsindisi kanye noMkhululi wethu; uMehluleli wethu kanye noBaba. Yena unguNkulunkulu wethu futhi singabantu Bakhe.” Unguku “khanya okukhanya ebumnyameni.”<sup>10</sup> Kwangathi omunye nomunye wethu ozwa umsindo wezwilami angathembisa ukuMlandela, sibe ukukhanya okukhazimulayo emhlabeni, umthandazo wami egameni Lakhe elingwele, ngisho uJesu Kristu iNkosi, ameni.


#### AMANOTHU

1. uMatewu 5:16.
2. 1 Thimothewu 4:12.
3. uMoroni 7:47
4. Bheka uJames E. Faust, “UkuKhanya eMehlweni Abo,” *Liahona*, Nov. 2005, 20.
5. Imfundiso kanye neZivumelwano 90:24.
6. uMatewu 5:8.
7. AmaHubo 27:1.
8. ULon Woodrun, “Izibani,” *Indlela enokuKhanya*, Okt. 1940, 17
9. uJohane 8: 12.
10. Imfundiso kanye neZivumelwano 6:21

## Ukufundisa kweSikhathi Sethu

Kusukela ngoNovemba 2015 kuya ku-Ephreli 2016, izimfundiso zobuPristi bukaMelkhezedeke neNhlanguano Yabesimame Yenkululeko zangeSonto lesine kumele zilungiselelwe kwinkulumo eyodwa noma eziningi eziphuma kwinkomfa kawonke-wonke ka-Okthoba 2015. Ngo-Ephreli 2016, izinkulumo zingakhethwa kwinkomfa kawonke-wonke ka-Ephreli 2016 noma eka-Okthoba 2015. Omangameli bezikhonkwane nezifunda kumele bakhethe ukuthi yiziphi izinkulumo ezizosetshenziswa ezindaweni zabo, noma benganikeza lesi sinqumo ukuba sithathwe obhishobhu noma omangameli bamagatsha.

Lezinkulumo zitholakala ngezilimi ezahlukahlukene [conference.lds.org](http://conference.lds.org).



**NguMongameli uHenry B. Eyring**

UMeluleki wokuQala kubuMongameli BokuQala

# UMoya oNgcwele njengoMlingani Wakho.

*Singakwazi, uma sefanelekile iyikho, sibe nezibusiso zoMoya ukuthi ube nathi, hhayi nje ngaleso naleso sikhathi kodwa ngaso sonke isikhathi.*

**B**afowethu kanye nodade abathandekayo, ngiyabonga ukuba kanye nani kulolu suku lweSabhatha kwinkomfa yeBandla leNkosi. Sengizwile, njengoba nani nizwile, uMoya, uMoya oNgcwele, ufakazela amazwi eqiniso esiwazwile ekhulunywa futhi eculwa.

Inhloso yami namuhla ukwenyusa isifiso sakho kanye nogqozo lwakho lokufuna isipho esethenjiswa sonke emva kokubhabhadiswa. Ngesikhathi sokuqiniswa kwethu sezwa lamazwi: “Amukela uMoya oNgcwele.”<sup>1</sup> Kusukela kuleso sikhathi, izimpilo zethu zishintshe njalo njalo.

Singakwazi, uma sifanelekile yikho, ukuba sibe nesibusiso soMoya kithina, hhayi nje ezikhathini ezikhethekile, njengalesi sifundo esimangazaliyo esisitholile namuhla, kodwa ngaso sonke isikhathi. Niyazi emazwini omkhuleko wesidlo ukuthi leso sethembiso sifezeka kanjani: “O Nkulunkulu, Baba waPhakade, siyakucela egameni leNdodana yakho, uJesu Kristu, ukuba ubusise futhi ungcelelise lesi sinkwa emiphefumulweni

yabo bonke labo abasamukelayo, ukuze basidle bekhumbula umzimba weNdodana yakho, futhi bekhombisa kuwe, O Nkulunkulu, Baba waPhakade, ukuthi bayavuma ukubizwa ngegama leNdodana yakho, futhi bayikhumbule njalo futhi bagcine imiyalelo yayo ebanikeze yona; ukuze bahlale benoMoya wayo kubo.”

Bese kuza isethembiso senkazimulo: “Ukuze babe noMoya wayo *njalo*” (Imf&neZ 20:77; isigcizelelo sengeziwe).

Ukuba noMoya nathi ngasosonke isikhathi ukuba nomhlahlandlela kanye nesiqondiso soMoya oNgcwele ezimpilweni zethu. Singakwazi, ngokwesibonelo, ukwexwayiswa nguMoya ukuba simelane nesilingo sokwenza okubi.

Ngaleso sizathu sodwa, kulula ukubona ukuthi kungani izinceku zeNkosi zizame ukwenyusa isifiso sethu sokukhonzisa uNkulunkulu emihlanganweni yethu yesidlo. Uma sidla isidlo ngokukholwa, uMoya oNgcwele uzokwazi ke ukusivikela kanye nalabo esibathandayo ezilingweni eziza

ngokwenyuka kwamandla kanye nangokuphindaphindiwe

Ubungane boMoya oNgcwele benza okuhle kukhangeke kakhulu bese isilingo siye ngokucindezeleka. Lokho kukodwa nje kumele kusanelise ekusenzi thina sifaneleke ukuba uMoya ube kanye nathi ngaso sonke isikhathi.

Njengoba noMoya oNgcwele usiqinisa uma silwa okubi, Ungakwazi futhi ukusinika amandla okwehlukana iqiniso emangeni. Iqiniso elibalulekile kakhulu liqinisekiswa kuphela isambulo esivela kuNkulunkulu. Isizathu sethu sobuntu kanye nokusentshenziswa kwemizwa yomzimba angeke kuze kwanele. Sihlala esikhathini lapho ngisho ohlakaniphe kakhulu uzocindezelwa ukuba ahlukane iqiniso kwinkohliso yobuqili.

INKosi yafundisa uMphostoli Wayo uThomase, owayefuna ubufakazi obuphathekayo bokuVuka kwabaFileyo koMsindisi ngokuthinta amanxeba Akhe, leso sambulo siwubufakazi obuphephile: “UJesu wathi kuye, Thomase, ngokuba ungibonile, ukholiwe: babusisiwe abangabonanga, kepha bayakholwa” (uJohane 20:29).

Amaqiniso abeka indlela eya ekhaya kuNkulunkulu aqinisekiswa uMoya oNgcwele. Asikwazi ukuya esixhobweni somuthi sibone uBaba kanye neNdodana bekhuluma noJoseph Smith esemusha. Abukho ubufakazi obuphathekayo noma incazelo enomqondo engasungula ukuthi u-Elijah wafika njengoba kwakuthenjisiwe ukuzoletha izehluthulelo ezibanjiwe manje futhi zisetshenziswa umphrofethi ophilayo, uThomas S. Monson.

Ubufakazi beqiniso buza kwindodana noma indodakazi kaNkulunkulu

esezofuna ilungelo lokuthola uMoya oyiNgcwele. Njengoba amanga ange-thulwa kithina nanganoma yisiphi isikhathi, sidinga umthelela oqinile woMoya weQiniso usikhulule ezikhatini zokungabaza.

Ngesikhathi owelungu loMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi Nambili, uGeorge Q. Cannon enxusa ukuba sihlezi sifuna uMoya ukuba ube nathi. Wathembisa, nami ngiyathembisa ngokunjalo, ukuthi uma silandela indlela, “asisoze saswela ulwazi” lweqiniso, “asisoze sangabaza noma sibe ebumnyameni,” futhi “ukholo lwethu luzoqina, injabulo lyethu . . . igcwele.”<sup>2</sup>

Siyaludinga usizo oluqinile oluvela kubungani boMoya oyiNgcwele ngesinye isizathu. Ukushona kwalabo esibathandayo kungaqhamuka singalindele. Kuwubufakazi obuvela kuMoya oyiNgcwele bokuqiniseka ngoBaba oseZulwini othandekayo kanye noMsindisi owavuka kwabafuleyo okusinikeza ithemba nenduduzo uma sihanjelwe esibathandayo. Lobo bufakazi bumele bube busha uma ukufa kwenzeka.

Ngakho ke, ngezizathu eziningi, siyabudinga ubungane obuqinile bukaMoya oNgcwele. Siyabufisa, kodwa siyazi ngezifundo esizitholile ukuthi akukho lula ukukulondoloza. Ngamunye siyacabanga, sisho, futhi senze izinto ezimpilweni zethu zansuku zonke ezingona uMoya. INkosi isifundise ukuthi uMoya oNgcwele uzoba umlingani wethu oqinile uma izinhliziyi zethu zigcwele isihe futhi uma ubumsulwa buhlobisa imicabango yethu ngokungapheliyo (bheka Imf&iziV 121:45).

Kulabo abadonsa kanzima ngomthetho ophakeme odingekayo ukuba ufaneleke ngesipho sobungani noMoya, nginikela ngalesi sikhuthazo. Uke waba nazo izikhathi lapho uzwe umthelela woMoya oNgcwele. Kungahle kwenzeke kuwena namuhla.

Ungaphatha lezo zikhathi zogqozo njengembewu yokholo le u-Alima ayichazile (bheka Alima 32:28). Tshala ngayinye. Ungakwenza lokho

ngokuthi wenze lokhu okuzwile ngaphakathi ukuthi kwenze. Ugqozu oluyigugu kakhulu kuyoba ukuthi wena wazi ukuthi uNkulunkulu ufuna wenzeni. Uma kungukukhokha okweshumi noma ukuvakashela umngane ososizini, kuyomele ukwenze. Noma ngabe yini, kwenze. Uma utshengisa ukwehlonipha kwakho ngokuzimisela, uMoya uzokuthumelela eminye imicabango yokuthi yini uNkulunkulu afuna umenzele yona Yena.

Njengoba uhlonipha, imicabango evela kuMoya izoza ijwayeleke, ilokho isondela eduzane ekubeni umlingani oqinile. Amandla akho okukhetha okuhle azonyuka.

Ungakwazi ukwazi uma lemicabango yokwenzela Yena iqhamuka kuMoya noma nje iqhamuka ezifisweni zakho. Uma imicabango ihambiselana nalokhu osekushiwo uMsindisi kanye nabaphrofethi bakhe abaphilayo kanye nabaphostoli, ungakhetha ukwehlonipha ngokuziqqaja. INkosi izothumela uMoya Wayo uhambe nawe.

Ngokwesibonelo, uma uthola umcabango womoya wokuthi hlonipha usuku lweSabatha, ikakhulukazi uma kubukeka kunzima, uNkulunkulu uzothumela uMoya Wakhe ukuba ukusize.

Lolo sizo lwaqhamuka kubaba wami eminyakeni eminingi eyedlule ngesikhathi ethunyelwa e-Australia ngo ko msebenzi. Waye yedwa ngosuku lweSabatha, futhi efuna ukuthatha isidlo. Akakwazanga ukuthola ulwazi ngemihlangano yabaNgcwele beziNsuku zokuGcina. Waqala wahamba. Wayethandaza kuyo yonke impambana mgwaqo ukwazi ukuthi ajike kuyiphi indawo. Emumva kokuhamba kanye nokujika esikhathini esingangehora, wama ukuba athandaze futhi. Wezwa umcabango wokuthi ajikele kumgwaqo thizeni. Maduzane waqala ukuzwa umculo uqhamuka egunjini elalingezansi kwendlu eyayiseduzane. Wabhaka phakathi efsteleni wabona abantu abayidlanzana behlezi eduze kwetafula elimbozwe ngendwangu emhlophe kanye nezigqoko zesidlo.

Manje, lokhu kungabukeka kungasiyo into enkulu kinina, kepha kwakwi yinto emangalisayo kuyena. Wayazi isethembiso somthandazo wesidlo sasifizekile: “Bamkhumbule njalo futhi bagcine imiyalelo yakhe abanikeze yona; ukuze bahlale benoMoya wakhe kubo” (Imf&iziV 20:77).

Lokho bekuyisibonelo sokuqala sesikhathi athandaza ngaso wase enza akutshelwa nguMoya okungukuthi uNkulunkulu ufuna yena enzeni. Wakugcina eminyakeni eyalandela, njenganami nawe sizokwenza. Wayengakhulumi ngokomoya kwakhe. Wagcina eqhubeka enzela iNkosi izinto ezincane awayetshelwe ukuthi azenze.

Noma inini lapho iqembu laba-Ngcwele Besisuku zokuGcina lifuna yena akhulume nabo, wayekwenza. Kwakungena nkinga noma abantu babeyi-10 noma bengama-50 noma wayekhathele kangaka nani. Wethula ubufakazi ngoBaba, iNdodana, kanye noMoya oNgcwele kanye neyabaphrofethi nanganoma isiphi isikhathi lapho uMoya umgqugquzela ukuthi makakwenze.

Izibopho zakhe eziphezulu eBandleni zazisesiKhonkwaneni eBonnevile e-Utah emkhandlweni ophezulu, lapho ayekhipha khona izidindi epulazini lwesikhonkwane, wayefundisa indima ekilasini leSikole Sonto. Ekuhambeni kwesikhathi, uma ewudinga, uMoya oNgcwele wawu kanye naye njengomlingani.

Ngama eduze kwababa wami egunjini lasesibhedlela. Umama wami, unkosikazi wakhe weminyaka engama-41, elele embhedeni. Kwasekuphele amahora simbhakile. Saqala ukubona imigqa yezinhlingu inyamalala ebusweni bakhe. Iminwe yezandla zakhe, ezazenze izibhakela, zikhululeka. Izingalo zakhe zeza ukuzophumula emaceleni.

Izinhlungu zeminyaka zomdlavuzazaseziphela. Ngabona enokuthula ebusweni bakhe. Waphefumula kancane, wabefuzela, waqeda walala ethule. Sama lapho silindile ukubona ukuthi ukhona yini omunye umoya ozoza.

Ekugcineni, uBaba wathi ngokuthula, “Intombazanyana isibuyele ekhaya.”

Akazange akhale nyembezi.

Lokho kwakwenziwa ukuthi uMoya oNgcwele esikhathini esidala esidlulile wawusumnikhezile isithombe esicacile sokuthi unkosikazi wakhe ungumuntu onjani, ukuthi uphumaphi, ukuthi uyini, nokuthi uyakuphi. UMoya wawusufakazile kuyena ezikhathini eziningi ngoBaba oseZulwini onothando, ngoMsindisi owaphula amandla okufa, kanye nokuboshwa etempelini kwangempela abelana nakho nonkosikazi wakhe kanye nomndeni.

UMoya wawumthembisile kudala ukuthi ngokulunga kwakhe kanye nokholo kwakufanelekile ukuthi angabuyela ekhaya lakhe elisezulwini lapho eyakukhunjulwa khona njengengane emangalisayo yesethembiso futhi amukelwe ngodumo.

Kubaba, lokho kwakungaphezulu kwethemba. UMoya oNgcwele wawusukwenze into ekhona kuyena.

Manje, abanye bangathi amazwi kanye nezithombe emqondweni wakhe ngekhaya lasezulwini kwakwumcabango omuhle, ukwahlulela okunefu kwendoda esikhathini sokulahlekelwa. Kodwa walazi iqiniso laphakade ngendlela okuyiyona okumele silazi ngayo.

Wayengusosayensi owafuna iqiniso ngomhlaba impilo yakhe yonke. Wasebenzisa amathuluzi esayensi kahle waze wathola udumo kulabo ebesebenzisana nabo emhlabeni wonke. Okuningi ayekwenza kwisigaba sesayensi esiphathelene nemithi yemvelo yomhlaba wayekubona ngeso lengqondo yakhe ebona izicucwana zihamba hamba bese avumelane nombono owawusengqondweni yakhe ngezinto ayezenza egunjini lakhe lokusebenza labososayensi.

Kodwa yena wayelandele indlela ehlukelele ukuthola iqiniso elisemqoka kakhulu kuyena kanye nakumunye ngamunye wethu. Yingenxa yoMoya oNgcwele lapho singakwazi khona ukubona abantu kanye nemicimbi ngenhlela uNkulunkulu ababona ngayo.

Isipho saqhubeka esibhedlela emumva kokuba unkosikazi wakhe ashone. Sahlanganisa izinto zikamama ukuba siziyise ekhaya. Endleni eya emotweni ubaba wayema ebonga wonke umhlengikazi kanye nodokotela esasihlangana nabo. Ngiyakhumbula ngangizizwa, nginokwecasuka, ukuthi kumele sihambe sibe sodwa nosizi lwethu.

Ngiyabona manje ukuthi wayebona izinto uMoya oNgcwele kuphela owawungatshengisa zona. Wayebona labo bantu njengezingelosi ezethunyelwe uNkulunkulu ukuba zibheka isithandwa senhliziyo yakhe. Kungaba ukuthi bona bazibona bengochwepheshe bokunakekela ngezempilo, kodwa uBaba wayebabonga ngomsebenzi abawenza egameni loMsindisi.

Umthelela woMoya oNgcwele waqhubeka naye njengoba safika ekhaya labazali bami. Sakhuluma imizuzu embalwa egunjini lokuhlala. Ubaba wazikhulula yena ukuya egunjini lokulala eliseduzane.

Emumva kwemizuzu embalwa, waqhamuka futhi egunjini lokuhlala. Waye nokumatheka okujabulisayo. Wahamba weza kithina wathi ngokuthula, “Bengikhathazekile ukuthi uMildred uzofikela ezweni lomoya eyedwa. Ngangicabanga ukuthi angazizwa elahlekile esixukwini.”

Wabe esethi ngokuqiniseka, “ngisanda kuthandaza manje. Ngiyazi ukuthi uMildred uzonakekelwa. Umama wami ubekhona ukuzohlangu naye.”

Ngiyakhumbula ngimatheka emveni kokuba asho njalo, ngicabanga ugogo, imilenze yakhe emifishane ifutha, ejaha esixukwini ukwenza isiqiniseko sokuthi kukhona ozomhlangabeza futhi amukele umakoti wakwakhe njengoba esefikile.

Manje, esinye sezizathu sokuthi ubaba wami acele futhi athola induduzo yingoba wayehlezi ethandaza ngokukholwa kusukela esemncane. Wayesejwayele ukuthola izimpendulo ezaziza enhliziyweni zimnike induduzo kanye nendlela. Ngaphezulu

komkhuba wokuthandaza, wayeyazi imibhalo engcwele kanye namazwi abaphrofethi abaphilayo. Ngakho ke waqaphela ukwehleba koMoya okwejwayelekile. Mhlawumbe oseke wakuzwa namuhla.

Ubulingani boMoya kwenza okungaphezulu kokududuzwa kanye nokutshengisa indlela. Waguqulwa ngeNhlawulo kaJesu Kristu. Uma samukela leso sethembiso sokuhlala sinoMoya kithina njalo, uMsindisi uzosinika ukuhlanzeka okudingakalayo ukuze sithole impilo yaphakade, okuyisipho esikhulu kunazo zonke zikaNkulunkulu (bheka Imf&IziV 14:7).

Uyawakhumbula amazwi oMsindisi: “Manje lona ngumyalelo: Guqukani, nonke mikhawulo yomhlaba, futhi nize kimi nibhabhadiswe egameni lami, ukuze ningcweliswe ngokwamukela uMoya oyiNgcwele, ukuze nime ningenasici phambi kwami ngosuku lokugcina” (3 Nifayi 27:20).

Leyo miyalelo iza nesithembiso esivela eNkosini:

“Manje, ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, beka ithemba lakho kulowo Moya oholela ekwenzeni okuhle—yebo, ekwenzeni ukulunga, ekuhambeni ngokuzithoba, nokwahlulela ngokulunga; futhi nguMoya wami lona.

“Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, ngizokwambula kuwe okoMoya wami, oyokhanyisela ingqondo yakho, oyogcwalisa umoya wakho ngenjabulo” (Imf&neziV 11:12-13).

Nginethulela ubufakazi bokuthi uNkulunkulu uBaba uyaphila, ukuthi uJesu Kristu owavuka kwabafuleyo uhola iBandla Lakhe, ukuthi uMongameli uThomas S. Monson uphethe izikhiye zonke zobupristi, nokuthi isambulo ngoMoya oNgcwele sishlahlela indlela futhi sigcine iBandla likaJesu Kristu labaNgcwele bezinuku zokuGcina kanye namalunga alo ezithobileyo.

Ngiyaqhubeka ngiyafakaza ukuthi wonke lamadoda amangalisayo ake akhuluma nathi

namuhla njengofakazi beNkosi uJesu Kristu, njengamalunga oMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi naMbili, babizwe uNkulunkulu. Ngiyazi ukuthi uMoya uhole uMongameli uMonsen ukuba ababize. Futhi njengoba ubalalele kanye nobufakazi babo,

uMoya oNgcwele ubeke isiqiniseko kuwe kulokho abakushilo manje kanye nakulokho engikushoyo kuwe. Babizwe nguNkulunkulu Ngiyabesekela futhi ngiyabathanda futhi ngiyazi ukuthi iNkosi iyabathanda izobasekela emsebenzini wabo. Futhi

ngikwenza egameni leNkosi uJesu Kristu, ameni.

**AMANOTHI**

1. *Incwadi Yokukhokhela Ibandla 2 Ukuphatha Ibandla* (2010), 20.3.10.
2. Bheka uGeorge Q. Cannon, kwi "UMzuzu kwiQhuqhuthela," *Millennial Star*, May 2, 1863, 275-76.